Cele

). M. Cele
nomsi
ngapilisa
a, Isiswe
negama
a nemise-
Rev. J. L.
kuyekeni
N. N. C.
swe. Wa-
ke. Mosi
kulunkulu
kuhlanga-
MsAfrica
u nisebe-
lo umfo
ati sesise
gi baloku
beti tina
frica iswe
la ngom-
noManya-
bbabulala
siindele
isindhlela
ane uku-
sebense-

SHIBE.

Ngobamakosi.

gudhluka

D SAKWA NGOBAMAKOSI SIYAGUDHLU-

A LAPO BEKUKONA ESIDALA NGANENO

u 109 Field Street.

SI loku kade epesheya elndia. Ufi-

nzi kakulu, kukona nesitezi. Sewa-

zazo zonke izinhlobo kusukela onya-

Imis ko yakona yabesilisa nesifa-

109, Field Street lapo ezongeniss
kati naye uSeptember lo, Ubesa-
ungiswa indhlu lapaya ngapesheya.
esezokuma kona ku 109, iFeld St.,

nten o Enhle

o, Odonki, Amahashi Amahanie
nesingqukumbane angasi tola kwa-
OBSON, KU WILLIAMS ROAD'
NGA. Eduse nama ofisi amalisho.
200, odonki abamashumi amahlanu
futi nesinkabi esiningi sokubotshelwa
ie, nesitole. Umuntu inxenye yemali
a engabambisa ngomhlabati noma
halwe umuntu owasekayo.

L. JACOBSON.
Horse Dealer,
Williams Road,
DURBAN

Nawe Unje ?

Inxa unoswela ungese wasibona ume ungese wasipenyisisa. Unalo? Uhlona' ukukweelwa yikanda? Uyisikohlwa? Kuyakwahlula ukugxilisa inhlisiyo yako emsebenzini? Uye uswe ubutekataka esingalweni nasesitweni futi ukatale ngese? Inxa loku kulanda kufaneliana nawe udinga umuti wamandhla ongena luto oludakisayo ngoba leyo imikwasi yeNeurasthenia. Funa igebha lama-Pink Pills kaDr. Williams esitolo esiseduse. Qala lomuti kona manje. Unga bona inxa ukusebenza kokunika ama ndhla kwalamaPills kusisa ngoba uyoba nendhlisiyo emhlope ekudhleni kuti oku dhlayo kungasindi kube yisigaza. Lapo igasi elinonileyo elibomvu selifinyelela kuwo wonke umsimba wako kuyonya mslala ukusiswa ukatele udanile bese wasi ukuti udhla umuti okuyiwona wona.

Abantu abanakugwema iNeurasthenia. Basalwa betebele kuye. Kodwa ngokwaka igasi ngamaPills kaDr. Williams lokukutebela kunganqotshwa kupela.

Gximeka itemba lako kulomuti upese ukuba yiloku unakana. AmePink Pills kaDr. Williams angatolakala kubo bonke omkemisi nabatengisi noma ngqo kwoDr. Williams Medicine Co., Long Street, Cape Town ngo8s. 3d. ngega bha iliinye noma abe isitupa ngo18s. ungakokeli iposi.

Isifundo sesikole seSonto.

Essibili Oct. 12. 1919.
ABALOBI BABANTU: Mark 1:14-20.

ISITATELO: UJesu wati kubo, Ngilandeleni ngiya ku nenza abadobi babantu Mk. 1:17.

Amanye amavesi sotisha:—Matt. 4:18-22; Luke 5:1-41; 14:15-24; Jak. 5:19-20; Isamb 22:17.

Eyesingane indaba: Ukusisa abanye ukwasi uJesu.

OKUJONGIWEYO: Ukuba abantu balungiselwe ukuswa balalele ukubiswa kwesibili kwabafundi, kokuya kusebenza Ku ubizo katisha uqobo ukuba afunde indhlela yokudonsela abantwana kuKristu.

ISU LESIFUNDO: 1. Osekwensekile seloku kwesifundo esidhlule. 2. Ukudotshwa okukulu kwesinhlansi, Luke 5 4-9. 3. Ukubiswa kwabane. 4. Isifundo sabadobi ebunyangeni bokudonsa abantu.

1. Lapo sifunda ukuhamba kwao Petro noJohane ikakulu ngaleli kwata kahle ukukumbula ukuqalisa kwabo ukwasi uJesu nokuti bamamkela baba abafundi bake.

Isifundo setu sanambla siyeqa siye esikatini esingemvana kokuboshwa kukaJohane umBaptisi. Okwamanje kubonakala ukuti oPetro noJohane makube babese nalabo befundi abalandela uJesu baya eKana naseJerusalem, lapo babona kona isimangaliso sokuqa'a, nokugqwa kwesempeli, beswa amaswi okupila eshunyayelwa kuNikodemu nakowesifarana waseSamaria nabantu bakubo, beswa nokunye ukufundisa kwomlomo wako babona nesinye isimangaliso esensiwayo.

2. Ngako lapo isixuku sidhlula kuJesu lapo efundisa ngasolwandhlwaseGalile, lesimangali ukuba isikebhe sikaPetro sabe sisedusa, nokuba sanikeswa ngesihle kaJesu ukuba kube indawo yokushumayelela, nanokuti uJohane nomnewabo babiswa ukusobabambisa isinhlansi esadotshwa ngesimangaliso belalela iswi likaJesu alisho kuPetro. Isimangaliso lesi safikisani kuPetro? Siyabona ukuti babe lungiselwa ukusabela kuJesu lapo eseti mabashiye ukudoba isinhlansi babe abadobi babantu.

3. Masikumbule ukuti labantu babe ngesibo abafundisi nabeshumayeli ekababiseni kukaJesu. Kwabe kungabantu nje abasisebensela umsebenzi opansi, ukudoba, ocishe ukuba umsebenzi opansi wokutola ukudhla eGalile njengokulima.

UJesu wababisela umsebenzi owahlukileyo, lo wokudonsa abantu. Bependula batini? Bensa isaba bati, kuhle sibambelele ekudobeni kwetu funa sintule ukudhla kwetu kwemihla, nokuti mesingashiyi ababa nesisebenzi nje, nokuti asifuni ukumuka emakaya, etc.? Sifunda ukuti bashiya konke kona lapo balandela uJesu. Balandela lolubizo lokuya kusebenza, wase uJesu ebalungisela umsebenzi wabo.

Lamadoda amane a
Ketwa yiNkosi Batunywa yiNkosi
ukuswa ekushoyo Nendaba
Ukubona ekwenzayo Ngomsebenzi otile
Ukufunda ayiko Bepete indaba yomuntu

Usekubizile wena ?

IV. Isifundo sabadobi ebunyangeni bokudonsa abantu. I. Zimbili isindhlela esinkulu sokudoba—enye eyenete, ukubamba isinhlansi ngasiningi, enye ngeyodobo, yokusibamba ngasinye. UJesu wasebensa ngazo zombili lezisindhlela, imihlangano emikulu efudumeleyo, nokukuluma kumuntu ngamunye. 2. Omunye wemiteto emikulu ekudobeni ukuba wena usitele. Nati kuswelele sisitele tina, okuti msidonsele abantu kuKristu, hai kiti. UJohane umBaptisi uyincwadi yetu enkulu. 3. Amasu omdobi, ukuqepa nokubekesela nokwasi imikuba nokwenza kwezinhlanzi, ukuhlakanipa, nesu, nokusikohlwa, amasu omdonsi woqobo wabantu. Cabanga ukuba uwadinga kanjani lawomasu. Ubuhlakani bomdobi ukukangisa inhlansi angayi bhabhasi ayicindezele, nomdonsi wabantu unjalo.

Kukona isu elenziwa abantu bamadolopa amakulu lokwenzisa okoMnewabo womuntu.

Indoda engumKristu noma umfana ibona umfana ongapansi kwake ngobudala enesisungu edinga ukusiswa noma esengozini yokwonakala isimilo sake uye etembise ukuti uzoba ngumnewabo, kungabi kupela ngokumuleka kepa nokuba umngane wake, ammemele nasekaya lake amyise nasesindaweni esitile esinhle nasemihlanganweni emihle abe koku emsisa emkombisa ngokuhamba kwake nangokukuluma ukuti kuhle ukuba ngumKristu.

Kwake kwabakona umbumbi wesitini umuntu ojaheleyo kakulu owati ufuna umfana wokumsebenzela. Umfana wokuqala owafikayo waqala ukubusa imibuzo wati, "Uholela malini?" Indoda yapendula yati, "Upondwe ngesonto nokudhla." Umfana: "Ukudhla okunjani ?" Indoda ekulupeleyo nenhlisiyo enhle: "Ngiyakudhla mina."

Umfana: "Nginika lowomsebenzi." esho emomoteka ngomlungu wake omusha. Le yindaba nje, kepa siya sibona isifundo sayo. Umenzi wesitini lo waseyincwadi enhle yomuntu okudhlayo ukudhla kwake. Wena uyikolwa lwalahlobo luni? Abanye bayafuna ukuba njengawe ?

AmaHlubi.

Bakuluma nje basa beswana, yapela leyo. Emva kwaloko wayimemezela ke indaba yesintombi leyo ahamba ngayo. Inkosi yamaHlubi yayanukela kahle, yati "Tina lapa kiti siobolisa ngaso leso esi ishumi." Kwaba kuhle nje loko.

ISAHLUKO V111.

UKUGODUKA KWENKOSI.

Uswani - 1 e, kute ngo 1872 yagoduka iNkosi yakwaNodwengu. Niyasi ke nonke ukuti seloku kwakukona ivuso lokuti omuye uMntwana kafanga mdhla kuiwa Usutu nesiGqosa eNdondakusuka. Bonke abanumsane base siGqoseni babeqinisa beti uMbayazwe kafanga, beti ufihiwe ngabelungu. Kwati ke ngaloko uba kukotame uyise kwaba kuhle ukuba kubiswe bona abe lungu basombeka esikundhleni sikayise, kona kusudela uZulu wonke ukuti kanti wafa impela.

Wahamba ke uSomtseu kwatunywa yena ukuya kubeka uCetshwayo. Wafi leselwa yidhlanzana lamabuto ahlo kanye nesindunanabantu baso, Yayiswa ke iNkosi ngokuti meiyeke yonke imi kuba yamaKosi akwaZulu awabe ebu lala umuntu engalitetanga icala lake, noZulu wajabula wonke ngamaswi ka Somtseu. Waguquke ke okaSomtsa ese wufesile umsebenzi abe ewutunywa ngu Hulumeni ukuba ayowensa. Wati ofike ekaya sase sitsha ngamendhla esokuti uLangalibalele udelele uHulumeni kesi lapa ebiswa.

Kuleso neuku wagoduka uNcwane kaMtimkulu ong'uyise wabo bonke abakaMtimkulu. Po ke uLangalibalele wasila nabantu bake, kwabiswa inyanga yokuza kumgesisa ichele ekaya, kwenzi we isembe bancinde, njengomkuba wa bantu bonke. Kwati konke loko kwagu qukeselwa kwatiwa ub'encinda echela impi ngoba esakuiwa nabelungu.

Ukugcina kwatunywa uMaholisa ka Mlandu wakwa Mkise, induna, kwatiwa kayombisa asokuluma noHulumeni. Ake ngenizoxele amaswi engawakuluma no Maholisa uqobo lwami kusihiwa, mdhla eyokuhamba ngakwesa.

UMaholisa lona uyishlobo kimina ngenza yoba watata intombi kaSinuka ne wakwaDhlamini emaKuseni; nobeba futi uMagwaza watata intombi kaMqongo umfowabo ka Sinukane. Nami bengisinge ngihambela kaye, engesiza ngoba ngingumntwana womnakwabo. Kute ngalowo mhla ngatata uLadwendwe womfo wabo kaMdubedube wakwa Ndhlovu, sahamba sobabili noLadwendwe, kusihiwa, saya kuvalelisa kuye emsini wake eSisileni. Umzi waseSisile ni useduse kwowa'Ekukanyeni, nowa mi futi Estelleni, kuto elea'Ekukanyeni. Uswani ke! safika kungzangaswa, ku selwa amatshwala kubutene abantu abaningi, okwobane induna iyakupuma kusesa iye emaHlutshini. Wangizoxela ke uMaholisa amaswi atunywe wona, okuti, Kutiwa kangobisa uLangalibalele ese kuHulumeni emGungundhlovu. Kepa ngoba usebiswe katatu engavumi ukusa, sekuyakupuma impi iyakumaba mba ume engasavumanga ukusa komku lu ngokumbisa kwami. Kutiwa kugewe le isibhamu sodwa emaHlutshini, abantu bonke bapete sona, soku umhlanga nje kubonakala ukuti uLangalibalele usesonde ukuiwa noHulumeni

ISAHLUKO IX.

UKUCITEKA KWEZWE LASEMA HLUTSHINI NGO 1873.

Kute uba apume uMaholisa kaMlandu wapelesiwa nguGayede kaMagedama kaKopo iNkosi yaseMakabeleni noNdabezimbi wakwa Dhladhla wa'Ekukanyeni beno Nomhlela naye futi wa' Ekukanyeni nabanye. Kwati ngemva kwake kwalandeliswa amaKamagedhlela abamba namaKolwa aseEdendale awabe epetwe ngu Lieut. Col. Durnford R. E. amaKamagedhlela epetwe ngu Capt. Barter. Waye wafika ke umfo ka Mlandu kwelasemaHlutshini. Wafika wangenisa emsini kaMavukesapela wakwa Radebe, lapo yati uba imuswe iNkosi ukuti ufikile ungenise kona, ya tumela inkomo yokumhlabisa. Nako ke kuti ngolunye usuku asebekiwe enkosi ni wabiswa waya. Wati esemi pandhle emnyango engakangeni, amaHlubi abu za ukuti utunywenl na? Kepa uMaholise engatandi kakulu ukuseka indaba yo nke yokutunywa kwake kubantu, wa nxusa kube ukuba bamdedele ayokulu ma neNkosi ugobo. Kepa uMaholise wabe ambete ibhulukwe neyembe neno libhantshi nebhantshi, ambet ijesi ngape sulu, ngoba pela kwakumakaza kusebu sika. Abusa ke amaHlubi pandhle kuye emxwayile, eti "Ugodhleni wena, umu kulu kangaka nje na?" Wapendula eti, "Angigodhle luto, ngambete isingu bo zami kupela" Lapo ke basondela kuye bamkaka, beti "Ake ukumule ijesi leli nebhantshi lake sibone, andu ba sikudedele uyongena endhlini eNko sini. "Kwaba buhlungu kuMaholise lo ko ukuba akunyuliswe ijesi nebhantshi ute engena endhlini enkosini wabe esedumele kakulu. Mango ke seeguqu ka. Po, [illegible] loku nansi impi yabela lungu isifikile, iswe selilibi lonke nje emaHlutshini, seli igasi lonke.

Uyazipendulela uRev. P. Lamula

(Ku Mkleli weLanga.)

Mkleli otandekayo,—Ngivumele lade wami epepeni lako elitandekayo ke ngipendule uEph. Tshwetle Cele.

Wa Tshwetle, senaduka nisikohlisa ngokuti nisaiwa ngamaShishi, futi niti nisiuZulu! Bengingajabula kabi ume ukuhola abaningi abakulandelayo ku leyo ndhlela yako yokuzikalela kuyhlo omkaHulumeni, ngokwenza njengalaba engiti benza ubugcwalegcwele! Naku engikubuza kuwo:Ake ungitshele ngo ba siyatanda ukubavana kuleyendhlela ukuti benzejani ngalelotanga ukuse ngiti benza ubugcwalegcwele nje na? Ngibabona ukuti wawukona, mkeambe wena emva kwaloko. Yini uma utanda ukungicela ungebusisi kimi ukwenza kwabo na? Ngibuza futi ukuti, Bapi ehlela ngaloko kwenza kwabo na? Otwesitatu ngibuza ukuti, Uqinisile impela ukuti babefuna imali yokuzisa amakaya abo na? Mina angizimisele ukukuluma into yesikumba sokuba simnyama, nokuba abelungu batata iswe lakiti. Kodwa ngizimisele uke kuluma izinto lokuhamba kahle pambi kukaNkulunkulu nabantu. Uma wena ubungumuntu ofundile, oke afunde amapepa eiNgisi, ngabe ugabona uku ti uyangituka, impela uma uzobanga ukuti ngivuna abelungu. Into yinye engizimisele yona, ongingagudhlaka futi kuyo. Mina angizimisele into yoku ti:Uma umlungu [illegible] into engiyibona yo ukuti ilungile ngiokumtasa impela. Noma umuntu enze into elungileyo ngiokumtasa impela. Kodwa uma umlungu noma umuntu enze into embi ngiokumsola noma etanda noma enga tandi. Uma ubungangicondi, ngiqonde nambiko! Angeseti neelungu nemuntu uma esenza okubi, ukona uNkulunkulu engimi pambi kwako, njengesiga sikaElijah umprofeti. Kuleliko lika kotelo ngimamshiori ukupendula umuntu enobuwula njengoNabala 1 Sam. 25:25. Mina ngokwami, ngibona se ngati ukona umkutshona ode uwubona lapo eJohannesburg, ukuti kukona aba fundisi abaseBaka bona esikwadhleni esimnsebenzi. Kodwa kimi ngikutshela ukuti ufanele ulande lohlobo yako kuNkulunkulu emtakiliyo. Kuhle ukuco le kwabafundisi, uma ungafundisi, bakutshela ngoKhali (2 Sam. 16:5 13) nangoMikali indodakazi kaSaula, umka Davida (2 Sam. 6:16-23). Kunjalo kukona abantu abaningi abakelela isikandhla sabanye, bese behambe bepeputeka nje bengacabangi ukuti uNkulunkulu opaya. Senejwayela umko bo omubi impela ukutuka abantu aba bekwa uNkulunkulu emsebenzini wake Uyazi ukuti yiso lesisolo esitiwa ke sitetelelwa? K e p a k e sikubambile! Uyazi ukuti yiso leso sokutuka uMoya oyingcwele? Umeyise kanjani uNkulunkulu wena uze uti ukolelo ngawu nikwa abelungu? Bheka ngikutshela ngokungakudhlieli ukuti iso leso esko sikubambile! Okokugcina ungituka ngokuti ngisaiwa uJim. Mina kangisi qayisi ngobaba noma wayemkulu ka ngakunani. Kodwa sengitanda ukwe neka leono esko pambi kwabantu babo ne ukuti ukuluma into ongayaziyo nempela. Ubaba nguMdhlonovu wa kwaNgcaka, isimvubu esimakala, esa kxesa esikxebheni. Wabutwa nguMpande, wayefuye esimhlope itshelenta ba, saidhla eSwazini ekuiweni kwe Nkosi uMpande noSebhuza iNkosi yama Swazi. Ngisho nalapo iswe selitetwe ngabelungu wabuye waba yindana kaMatini (Martin) owaqala ukuba y Nkosi kwelakwa Zulu ngaseNkandhla Wabe enemikleso nengxota yeNkosi yakwaZulu, engawadhli amasi enko nyane ngoba emasipo eqede intamo Kantike wena mfana womunye umfana usiqayisa ngemfana nje! Kawasi uku ti uyihlo waye'libuto ledine kwabelama ubaba na? Ubaba elanywa yiZingulube bese kuba iSangqu, bese kuba Izinko ne, sekuba ngoyihlo mfana! Ubaba kwakungu Gidhla owehle ngendawana yake yedwana, umgobhozo ovela entabe ni, uZamisa zipume insingo, uMimela omkulu ongadhleiwa zele, uGodo aba lubanda iminyakanyaka, mhlasana lupelayo bobanda!

Niboyeka ukukuluma isindaba eninga siqondiyo. Ubaba ufe ngomnyaka wo mvula enkulu ka1917-1918 esenemnya kungati 100, ngoba uti kwati kufa uTshaka ngo1828 babe ngabefana mhlumbe benemnyaka engu10, noma engapezulu.

P. LAMULA.
Milne Street Native Church,
Durban.

UMSEBENZI WOMZALI.

Umfana wako uhlala edwetshwa, esikwa, elimala. Ngoba lamanzeba ake apola kahle akusiye incwadi yokuti ayashlala esipolela. Funa izebha likaChamberlain isigcobo sobuhlungu wensel'ukuba ukulimala kubhekwe kahle. Awuko umuti ongahle uwutele odhlula lo [illegible] egasini yisifo esiyingcwe. kakulu ukusifuka engesini yaso. Sitengiswa yibo bonke abatengisi.

Zam-Buk
UNEQUALLED FOR
No matter how trivial is your cut or scratch, the safest treatment is to wash the injury and immediately dress it with soothing Zam-Buk. Zam-Buk is a unique preparation of herbal extracts which are combined in a way that produces unequalled Healing, Soothing, Antiseptic powers.
CUTS
BRUISES
ECZEMA
ULCERS
CHAPS &c.

Obonga umuti wakwa-Lacombe.

Magane,—Ngisesikulu isifiso sokuba ke ngazise isihlobo sami ngemiti yako wena kaDawber, mKemisi, Druggist, nyanga eyisimange, engiti uma ngiyo kumbula ngemiti yako ngitole isima ngalise esisetshenziwa imiti yako wena wakwaLacombe. Umuti wako wenyonge (No 18) nomuti wako wokuxubha amasinyo (No 28) kunye nowesinwele sesifasana ka(No 21). Wasoke imiti enginesifiso soba ke ngazise Abahlutshwa ngoba ngasiputuma kwaLacombe. Ngiyaiela isintombi zakiti lapa eJohannesburg esingenesewele. Sengi ke ngatumela ngitumelela iNtokazi etile eyapelelwa isinwele zayo. Zikule ngokumangalisayo.

Nise ningacabangi ukuti lesisinto esikulunywa amapepa singamanga s yimaqiniso.

ALFRED MHLONGO.
Care of C. Wiltherde Esq.
Orange Grove,
8th Street,
Johannesburg.

Okad'ebona.

(Nou P. M. TEMBA.)

Kade ngilihamba iswe, nemhlanje ngilike ekugcineni. Ngibhala nje ngi pakati kwesinkulu isiruqaba semahlati. Umuntu ubonga iNkosi uma kuse opili la. Kakala amabubesi ubusuku nemi ni. Angikulumi ngesiodhlovu zona. Mpande ke kona kade sibona!

Ngiseke ePafuri ngo28 August 1919, kute ngo4th September 1919 ngafika kwaMapsi lapo ngite ngifika ngezwa kutiwa omunye umlungu esikanye naye emsebenzini weW. N. L. A Ltd, uye kosingela isindhlovu Nami angabe ngisahlala, Mpande ke kona. Ngiyafika lapo kulowo mlungu ngimfica ewise isindhlovu esine! Ake indaba eyitandeki.

Kumenywe amakosi amabili nabantu bawo lelisa nesifasana. Mpande esinye sobola. Ngobuye ngithele uma ngifika eDelagoa Bay.

Ezebhola eEstcourt nase Druycott.

Ngomhla ka6 Sept. 1919 kwafika amaRainbows F.C. ebizwe amaEleven Great Powers namaConvention F.C. Aike kute ntambama kwayiwa enkundhleni. Safika isikati sokuqala okuziwe ngako umqati kunguMr. J. Crowie wakona lapa eEstcourt kungena ama 11 G. P. namaRainbows aseLadysmith. Aike ama11 G. P. ebopele impela ngoba amaRainbows angenekile njengoba esendukwahlule ama11 G. P. enkundh'eni yawo. Rainbows 5 goals 11 G. P. 2 goals namhla-ke abopela. Aike namhla apatana kanxima ngesiqubu sokuqala kwamnyama lingangeni ndawo. kute sekupindelwa, kwati s-kusele 10 min. nje lakala pakati kuCentre Forward yamaRainbows, umdh'alo wapela kanje:

Rainbows 1 goal.
11 G. P. Nil.

Kwangena amaConvention namaRainbows. Aike yaya iCaptain yamaConvention kweyamaRainbows, yazilandulela eyamaRainbows yati sebediniwe futi abapumulanga abadhleli baseMnambiti abaketiweyo ngakoke abadhlala. Aike kwayekwa ngakoke amaConvention acabanga ukuya kona ngomhla ka6th October 1919, uma elitolile ituba.

DRAYCOTT MATCH.

AmaConvention akupaka ngomhla ka 13 Sept. Alibangisa enkundhleni yama Frayers F. C. Epagweni M. S., Mooleigh Siding. Afinyelela ngo3.45 p.m. umsebenzi waqalwa ngo4. 0 p.m. kepa umoya unamandhla kabi, undhalo wapela kanje:

Frayars 1 goal.
Convetion Nil.

AWUNAWABO.

Ungatungata wonke umhlaba awusose wawutola omunye umuti olingana nokaChamberlai womoya nokuhlembulula esifweni sesisu. Awuse ungagcja ukunika ikefu. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

EzasEkupumuleni, Lady smith.

(Nou J. H. K.)

Lapa kusekona enkulu isikungu engakesuki kubantu ngoba imihlengeno syikabigugu igugu kuse ubunumsane nokutenga umhlaba.

o o o

Zonke isinsiwa sicitekile sisemaGoli naseTekwini. Kepa siyetemba zonke ngoKisimasi zoba sekaya. Engayikuba kona kobe ingumsila wenja.

o o o

Umfo kaLuvuno ute chamba ukuyofundisa ezake utshiye eseke wasiti fahla fahla ngam'balwa alungele wona lowomuhla.

o o o

Ziesingi isitendo, bayatenga umusi uyanda nezingane sesigcwele siyapupuma sesize sepungulelwa endhlini yesonto lamaWesili nendhlu estsha yaso eyakiwe ngamatabe isipela ukufulelwa.

o o o

Kute nikilili kwakiwa istini eFree Church seodhla yesonto. Pela eyakona yadilika ngalosamcolo owadhlala.

o o o

AmaWesleyan eyawo asclungisela ukuyivula. Sekupelele konke nesitulo, pela bayasonta kuyona.

o o o

Abase Church of the Provence bona basetale. Aessi ukuti bayonyakasa nini ukwaka elabo isonto pela basonte la esikoleni okwamanje.

o o o

Selibapundhlile idipu abanta lapa Kudhlala isinsuku esine kuditshwa uyezwa sekutiwa umuti upelile sekufuneka imali njalo.

o o o

Kukona umfo lapa otwala isikumba chamba edukisa abantu eti lamakolwa akukolwa kapetwe umnikelo isono, isidhlo seNkosi isono uknemukela. Uti nxa etelo ungumprofeti.

o o o

Kukona olukulu usongo esinsiweni zalapa Ekupumuleni lokuti ngoba ngonyaka odhlale besense ukusimusi zahlaba isimbusi esiyisitapa nonyaka sisongele okungapezulu kwaloko. Pela ngitsho isinsiwa njalo nodadewabo. Pambili lusha lwaseEkupumuleni.

o o o

Kubutwa isimali sozwaka ucingo lwamatana. Amabandhla onke sadawonye ehlakene ngemincele Kodwa indawo incane umusi makula wande ngamandhla. Into ebonakalayo se ngati umusi ungate uye kumaTrustee andise indawo yamatana omusi.

o o o

Angazi ukuti ukukolwa loku kwafa nonomhlovu yini. Ngitsho ngokuzondana kwamakolwa anamhlanje. Abuseko ubuzelupume into aje ubandhlelulo, inhlemba yokwetakana amabandhla ngamabandhla.

o o o

Into epambili kumakolwa anamuhla nxa lihlangana nawe namuhla libona ukuti uyikolwa emva koku kubulisa umbuzo, uyikolwa lapi na, ngitsho njalo ibandhla. Ake nicabange ke ukuti likubuzelani lowombuzo.

o o o

Pela lisuke lifuna ukwazi ukuti uma lona lingelase Church nawe wati ongewaseChurch bese lincibiliko ke libuze nalapo upuma kona nokupila negama lako nesibongo. Kodwa uma upendule wati ngingowaseKutini lapo kungesilo ibandhla lakubo ungabubonake ubutshaputshapa lingabe lisenaka nempilo.

o o o

Ngiyabuza Mhleli nabafundi bako ukuti loko kubangwa yini emakolweni. Kanti oJesu bangangamabandhla ?

Ukupendula.

Kusikala zemiti,—Nkosi yeLanga ngicela ukupesa iswi kubafundi bako Incwadi yoMbhali wesemaHlubi ikuluma kahle, kepa ilinga ukujivasa amaZulu, ingozike leyo. Faka isisefo olimini lwako.

KuMr. H. M. Mvuyana uMr. M. M. Fuse wayebhekisele kwabagxeka imiteto yesiZulu sengati bwona kuNkulunkulu kanti bona ku'owo Mtekelikazi yena yedwa engayazi nemiteto yakwaZulu, kepa loku okutshoyo wena kuli qinise ukuguqula umteto welokole kwesinye isindawo Kepa uposisile kwelokuti makuceiwe kuHulumeni, omunye ongazi luto ngemiteto yabantu. Lezindaba zilungele uSolomon kaDinuzulu ebangene nesizwe kutunyelwe ngaswi linye kuHulumeni. Kanti iCongress le isusebenzani?

Ku M B K. ngiyakuvumela kuna yini inxa kufanwa inkululeko makuku iulwe isiswe sonke. Baningi abayimselo yamakehla abanesimilo esihle kuno mfundisi wabantwana.

ILanga liposisile ukuti kwabangu Hulumeni kukona ibizo like T. Orr endaweni kaJohn Orr.

Icebo likaMafukuzela liyabongeka lokuti uSolomon kaDinuzulu abe inhlo ko yeCongress kutaiwe.

P. G. QWABE.